Isifundo 11

**June 3-9*

Othisha Bamanga

ISabatha Emini

Kuleliviki Funda:

2 Pet. 2:1-22, Johane 8:34-36, Mat. 12:43-45, Jude 4-19, Gen. 18:16-33.

Indimana Yekhanda:

“Babathembisa inkululeko, kanti bona uqobo lwabo bayizigqila zenkohlakalo; ngokuba abantu bayizigqila zalokho okubehlulayo” (2 Petro 2:19, NRSV).

ENcwadini yakhe yokuqala, uPetro, ngomthwalo omkhulu wokuba ngumelusi, wayefuna ukukhuthaza abafundi mayelana nezingozi zokushushiswa. Nakuba singazi kahle uhlobo lokushushiswa ayekhuluma ngalo, esikwaziyo ngukuthi ibandla lalizobhekana nezinhlupheko ezinkulu lapho Umbuso waseRoma wobuhedeni ufuna ukuqeda inhlangano ekhulayo yabantu ababizwa “ngamaKristu.” Kodwa uSathane wayehlasela ngezindlela ezimbili. Ngokuqinisekile, ukushushisa okuvela ngaphandle—okungukuthi, isihluku kanye nodlame—kwakuyisikhali esinamandla. Kodwa ibandla lalibhekene nenye ingozi, mhlawumbe eyingozi ukwedlula ukushushiswa okuvela ngaphandle. Leyongozi yayiqhamuka ngaphakathi. Njengesizwe samaJuda ngaphambili okwakumele sibhekane nabaprofethi bamanga, umlandeli kaJesu ngesikhathi sikaPetro kwafuneka abhekane nothisha bamanga ababezo “faka ngesinyelele Izimfundiso ezibhubhisayo” (2 Pet. 2:1, NIV) ebandleni. Futhi, okubi kunakho konke, uPetro waxwayisa ngokuthi iningi lalizolandela “lezizindlela ezibhubhisayo” (2 Pet. 2:2, NKJV).

Yiziphi ezinye zalezizimfundiso uPetro ayexwayisa ngazo na? UPetro wabhekana kanjani nazo, futhi zifundo zini esingazithathela zona kulezizixwayiso namuhla, lapho nathi sibhekana nezingozi ezivela ngaphakathi na?

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha lika-June 10.*

Abaprofethi Nothisha Bamanga

Ngesinye isikhathi kulula ukucabangela phezulu ngebandla lokuqala, sicabange ngesikhathi sokuthula okukhulu kanye nokuzwana phakathi kwababekholwa kuJesu bokuqala. Kungaba yiphutha elikhulu lokho. Kusukela ngezikhathi zikaJesu ibandla lalibhekene nezimpi, Imvamisa ngaphakathi (cabanga ngoJudas). Njengoba nezincwadi zeTestamente Elisha ziveza, izinkinga eziningi zaziqhamuka ngothisha bamanga phakathi kwalo. Ibandla lokuqala lalinomshikashika hhayi nje kuphela wokushushiswa okuvela ngaphandle kepha ngezinkinga eziqhamuka ngaphakathi, ngokufanayo. Kulencwadi uPetro ubhekana nezinye zalezo zinselele zangaphakathi. Yiziphi zona na? “Kepha kwakunabaprofethi bamanga phakathi kwabantu, Njengalokhu kuzokuba nabafundisi bamanga phakathi kwenu, abazoletha ngesinyelela Izimfundiso zamanga ezibhubhisayo, bephika iNkosi ebalethile, futhi bazilethele kubo ukubhujiswa Okusheshayo. Futhi bazolandela izindlela zabo ezibhubhisayo, ngenxa yalabo indlela yeqiniso izohlambalazwa. Ngokufisa bazoniqinela ngamazwi enkohliso; abakulahlwa kwabo kwamandulo akulibali, futhi ngokubhujiswa kwabo akozeli” (2 Pet. 2:1-3, NKJV). Akuzwakali lokhu njengesikhathi sokuthula nokuzwana ngaphakathi phakathi kwabazalwane nodade, akunjalo na?

Funda u-2 Peter 2:1-3, 10-22. Yini asixwayisa ngayo uPetro lapha na? Yiziphi ezinye zezinto ezingamanga ezazithuthukiswa emabandleni na?

U-2 Petro kusenokwenzeka ukuthi wembula izizathu iNkosi eyaphefumulela uPetro ukuba abhale lencwadi. Wayebaxwayisa ngokuthi Njengokuba kwakukhona Abaprofethi bamanga ekuqaleni, kuzobakhona nothisha bamanga kusasa. UPetro uveza izimangalo eziningi ngakubafundisi bamanga, kusukela “ezimfundisweni ezibhubhisayo” (2 Pet. 2:1, NKJV) kuye ekuholeleni abangaqaphile ebugqilini (2 Pet. 2:19) kanye nentaphane yamanga, futhi. Kulokho akubhala, siyabona ukuthi nembala lezi kwakuyizimfundiso eziyingozi kakhulu, okuchaza indlela abhekane ngamandla nazo. UPetro wayazi ukuthi imfundiso ibalulekile.

Buka indlela uPetro abhekane ngamandla ngayo nalezizimfundiso zamanga. Lokhu kumele kusitsheleni ngokubaluleka kweqiniso na? Singazivikela kanjani kuyo yonke imizamo yokulethwa kwezimfundiso zamanga ebandleni na?

Inkululeko KuKristu Na?

“Ngokuba bakhuluma udwadwa, amazwi ayize, beyenga ngezinkanuko zenyama, labo bantu ababalekela labo abaphila emangeni” (2 Pet. 2:18, NIV).

Yini axwayisa ngayo kulendimana na? Uthini ku-2 Peter 2:19 esiza ukuchaza umnako wakhe na? Kuyini ukubaluleka kwegama “inkulukeko” kundimana 19 na?

Ngolimi oluqine kakhulu, uPetro unikeza isixwayiso kubafundi bakhe ngezingozi zothisha bamanga. Ku-2 Petro 2:18-21 waxwayisa ngalabothisha bamanga, okuthi ngenkathi bethembisa inkululeko, babebezoholela abantu ebugqilini. Ewu ukuhlanekezelwa okungaka kwevangeli! Inkululeko kuKristu kumele isho inkululeko ebugqilini besono (Rom. 6:4-6). Noma yimuphi umqondo wenkululeko kuKristu oshiya umuntu ebugqilini besono yiloluhlobo lwamanga uPetro axwayisa ngako. Nakuba izifundiswa zikhuluma ziphikisana ngalemfundiso ayekhuluma ngayo lapho, kusobala ukuthi ixhumene nalo lonke udaba lwesono nokuba yisigqila kuso.

Funda uJohane 8:34-36. Amazwi kaKristu lapha asisiza kanjani ukuba siqonde lokho okushiwo nguPetro na?

Noma yini lena eyayethulwa ngothisha bamanga, babeholela abantu—labo ababesanda kuthola iNkosi uJesu—emuva endleleni yabo endala yokuphila esonweni. Kulula ukucabanga ngevangeli lomusa othile oshibhile elibukela phansi isidingo sokuba msulwa nokubangcwele, izinto ezabenza ukuba babhajwe futhi kuyo “inkohlakalo” (2 Pet. 2:19) yomhlaba ababesanda kuphuma kuwo. Akumangalisi-ke ukuthi uPetro akhulume ngesankahlu ngakulezizimfundiso zamanga futhi exwayisa ngemiphumela yokuzilandela.

Uyiqonda kanjani inkululeko kuKristu na? Yini akukhulule kuyo uKristu na?

Inja Ibuyela Ebuhlanzweni Bayo

Funda u-2 Peter 2:17-22 no Mathewu 12:43-45. Yiziphi izingozi lapho lowo oguqukele ebuKristwini ebuyela empilweni yakhe endala na?

UPetro wayekhathazeke kakhulu ngesiphetho salabo othisha bamanga ababezobahehela emuva ezonweni zabo zokuqala (2 Pet. 2:18). Othisha bamanga bathembisa inkululeko, kodwa njengoba uPetro ephawula, lenkululeko abayithembisayo yehluke kakhulu kunaleyo uJesu ayithembisa labo abalandela Yena. Buka isixwayiso esinamandla uPetro asinikeza. Bekuyobangcono ukube babengayazanga "indlela yokulunga" (2 Pet. 2:21) kunokuba bayazi bese bebuyela ezindleleni zabo ezindala. Nembala, lokhu akusho ukuthi udaba lwabo alunathemba. Sonke siyazazi izindaba zalabo abashiye iNkosi kwathi ngokuhamba kwesikhathi babuya. Futhi siyazi ukuthi iNkosi ithokoza kakhulu lapho bebuya, futhi ibamukela ngenjabulo. (Buka uLuka 15:11-32.) Lokhu kusho nje ukuthi ukufulathela kuyingozi enkulu, futhi akuthokozisi. Inja ebuyela ebuhlanzweni bayo ulimi oliluhlaza lokuchaza lokho, kodwa uPetro wenza iphuzu lakhe ngalomfanekiso.

Mhlawumbe ukuphinda amazwi kaJesu ku-2 Petro 2:2:20 kungesimabomu (buka uMat. 12:45, Luka 11:26). UJesu uxoxa umfanekiso wendoda ekhululwe emimoyeni engcolile. Umoya uyazulazula ungenandawo yawo, bese ubuyela ukuyobheka " 'indlu yami engiphume kuyo' " (Mat.12:44, NKJV). Ufika uyithole ingenamuntu futhi ihlanzekile. Ubuyela phakathi, kodwa ulande eminye imimoya eyahlukene futhi engcole ukwedlula wona. Njengoba noJesu esho " 'isimo sokugcina salomuntu sibi kakhulu kunesakuqala' " (Mat. 12:45, NKJV). Ingozi uJesu ayivezayo naleyo echazwa nguPetro ngeyangempela. Ikholwa elisha kumele liqinisekise ukuthi izinto ZikaMoya zithatha indawo yezinto ezazilawula impilo yalo. Uma ukusebenza enkonzweni nokwabelana ngenkolo yakho entsha kungathathi indawo kunezinto zezwe, kubalula kakhulu ukubuyela ezindleleni ezindala.

Yiziphi izindlela thina njengomndeni Webandla esingondla ngazo futhi senze onke amalungu abe ngabafundi, ikakhulu lawo amasha na?

UPetro no Juda

Iningi labantu liqaphelile ukuthi uJuda 4-19 uphinda kakhulu umyalezo ka-2 Petro 2:1-3:7. Noma yini lapho Izibhalo ziphinda umyalezo, kumele siqaphele ukuthi uNkulunkulu ufuna ukudlulisa okuthile okusemqoka. Kulezizahluko ezifanayo, uPetro no Juda bahamba umgamu omude besixwayisa ngeqiniso elibalulekile: uNkulunkulu ulawula isiphelo sababi. Bobabili uPetro no Juda basishiya ngaphandle kokungabaza nokuthi uNkulunkulu ububheke ngeso elibukhali ububi. Noma ngabe yisintu esingalungile noma yizingelosi eziwile, uNkulunkulu ubuqaphe ngendlela ekhethekile ububi babo futhi uhlele isijeziso sabo ngosuku lokwahlulela (2 Pet. 2:9, 17; Jude 6).

Funda u-2 Peter 2:1-3:7 no Jude 4-19. Yiziphi izibonelo zempindiselo kaNkulunkulu yokuqala uPetro no Juda abazinikayo ukuqinisa iqiniso lokuthi akadlali uNkulunkulu uma ebhekana nesono na?

UPetro noJuda babhala izibonelo Ezintathu zolaka lukaNkulunkulu ngokudlula. Bafaka ukubhujiswa komhlaba ngozamcolo, ukushiswa kwe-Sodom ne-Gomorrah, kanye nokuboshwa kwezingelosi zigcinelwa ukubhujiswa (2 Pet. 2:4-6; 3:7; Juda 6, 7). Zonke lezizigaba zinomuzwa wokuphela. Nakuba Izibhalo zikhuluma kabanzi ngomusa kaNkulunkulu, Ukwenza ngokomthetho kukaNkulunkulu nako kudlala indima ebalulekile ekubhujisweni Kokugcina kwesono.

Yiziphi izono ezaletha lesisijeziso esinqala na? Zifaka ukungena kwezimfundiso zamanga; ukujivaza igunya; ukuba yisigqila sanoma yini ekwehlulayo; ukuhlanekezela Umusa kaNkulunkulu ube yimvume yokona; ukuphika uJesu Kristu njengombusi neNkosi okungukuphela kwayo; abangcolisi bemizimba yabo; abakhuluma udwadwa namazwi ayize; kanye nabahlambalazi (2 Pet. 2:1, 10, 19, Jude 4, Jude 8, 2 Pet. 2:18, Jude 10, NIV).

Okuthathekisayo, lezizincazelo azifaki izenzo zodlame kanye nezinye zenkohlakalo ezivame ukusicasula. Kunalokho, kuchazwa izono zesinyenyela ezinokufanayo. Yizono ezivame ukuvumeleka ebandleni. Leliqiniso kumele lisiqwashisele isidingo sokuphenduka kwangempela kanye nokuzalwa kabusha ebandleni.

Funda u-2 Peter 2:12 no Jude 10. Lapha uPetro no Juda bechaza labo ababhekene nokubhujiswa njengalabo abehlele "ekungacabangini" (2 Pet. 2:12, NIV) noma izilwane "ezingenangqondo" (Jude 10, NIV) ezibuswa yimizwa. Lencazelo iqhathaniseka kanjani nendlela uNkulunkulu ayedale ngayo umuntu ekuqaleni, futhi ungakugwema kanjani ukuthi lokhu kungenzeki empilweni yakho na?

Ezinye Izifundo zeTestamente Elidala

Funda u-2 Peter 2:6-16. Yiziphi ezinye izibonelo uPetro azisebenzisayo ukuxwayisa ngokuthi ububi buzoholela kuphi na?

Indawo yokuqala eBhayibhelini ekhuluma nge-Sodom ikuGenesisi 13:12, 13. U-Lot noAbrahama banquma ukuba behlukane ngenxa yezizathu "zomnotho." U-Lot wakhetha isigodi sase-Jordan, futhi "wabeka idokodo lakhe ngase-Sodom" (Gen. 13;12). IBhayibheli bese liphawula, 'Manje abantu baseSodoma babebabi, izoni ezinkulu kuJehova" (Gen. 13:13, NRSV). Ngokulandelayo, lapho uNkulunkulu exwayisa uAbrahama ngokuthi wayecebe ukubhubhisa i-Sodom, uAbrahama waxoxisana ngesivumelwano sokuthi uNkulunkulu angayibhubhisi uma abantu abayishumi abalungile betholakala khona (Gen. 18:16-33). Ukungalindeleki kokutholakala kwabantu abangu-10 abalungile e-Sodom kuvela obala kulokho okwenzeka kwizithunywa ezazithunywe ukuba zivakashele u-Lot. Idolobha labhujiswa; ngu-Lot namadodakazi akhe amabili kuphela abasinda (Gen. 19:12-25).

UPetro utomula izifundo ezimbili kulendaba. Sokuqala, lamadolobha mabili anikeza isibonelo sesijeziso esizayo kwababi (2 Pet. 2:6). Esesibili, ibonisa ukuthi uNkulunkulu uyakwazi ukuhlenga abalungileyo ekuhluphekeni (2 Pet. 2:7-9). Abese uPetro ephawula ezinye izimpawu zalabo ababhujiswa e-Sodom nase-Gomorrah: bazitika ngezinkanuko zenyama zamanyala, bajivaza amagunya, baneqholo nenkani, futhi abalibali ukunyundela izingelosi (2 Pet. 2:10, 11). Lezizimpawu zinokufana ngendlela uPetro achaza ngayo othisha bamanga kanye nabalandeli babo.

Indaba kaBhalamu itholakala kuNumeri 22:1-24:25. Wayeqashwe nguBhalakhi, inkosi yakwaMowabi, ukuba aqalekise abakwaIsrayeli. Enqikazile okokuqala, wagcina evumile ukuthatha lomsebenzi ngesithembiso senkokhelo yesamba esikhulu semali (Num.22:7-21). Esendleleni wanqwamana "nengelosi kaJehova" futhi wasindiswa ekufeni yimbongolo yakhe ichezuka endleleni. Wabe eseyishaya imbongolo uBhalamu walibona iphutha lakhe kuphela ngenkathi amehlo akhe evuleka, futhi ebona "ingelosi kaJehova" ngokwakhe (Num. 22:22-35). Ekugcineni, uBhalamu wambusisa uIsrayeli (Num. 23:4-24:24). UPetro usebenzisa uBhalamu njengesibonelo salabo abahehwa ngukuphinga nomhobholo (2 Pet. 2:14, 15). Abantu abanjalo bafana noBhalamu. Bayishiyile indlela okumele bayilandele.

Cabanga ngakho konke esikunikeziwe, eBhayibhelini nasemibhalweni ka-Ellen G. White. Ngakho-ke, kungani thina njengama-Seventh-day Adventist singeke sakwazi ukuthi asixwayiswanga na?

Cabanga Kabanzi:

Sivamile ukuzwa amaKristu ekhuluma “ngenkululeko kuKristu.” Futhi, nembala, lona ngumqondo ofanelekile. Ukukhululeka ekulahlweni ngumthetho kanye nesiqiniseko sosindiso ngenxa yalokho uKristu asenzele kona hhayi ngokwemisebenzi yethu nembala kungukukhululeka. Indaba ka-Martin Luther kanye nobugqila ayephansi kwabo ngaphambi kokuba aqonde Umusa yisibonelo esikhulu sokuthi inkululeko ingasho ukuthini. Nakuba kunjalo, njengoba sibonile kuPetro, leliqiniso elimangalisayo lingahlanekezelwa. “Iqiniso elikhulu lokuncika kwethu ngokuphelele kuKristu ngosindiso licishe libe ngamanga. Inkululeko kuKristu abaningi bakuthatha njengokuzenzela umathanda; futhi ngenxa yokuthi uKristu weza ukuzosikhulula ekulahlweni wumthetho, iningi lithi Umthetho wachithwa, nokuthi labo abawugcinayo abekho ngaphansi komusa. Kuthi ngalokho, njengoba iqiniso namanga kuhlobene, izingqondo ezingaholwa nguMoya oNgcwele zizoholelwa ekwamukeleni amanga futhi, ngokwenzenjalo, bazibeke ngaphansi kwezinkohliso ezinamandla zikaSathane. Ngokuholela abantu ekwamukeleni amanga bethi yiqiniso, uSathane usebenzela ukuba ibandla lamaProtestanti limkhonze.”—Ellen G. White, *Christ Triumphant*, p. 324.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Zindla ngo-2 Petro 2:19 nangezinye izinto uPetro azishoyo ngemiphumela yezimfundiso zamanga. Kungani kumele siqiniseke ukuba sizifundele ngokwethu lamaqiniso esikholwa kuwo na? Kubaluleke kangakanani ukuba sonke sivumelane ngalokho okumele sikukholwe na? Kuba nini “yingozi” ukucabanga imicabango ephikisana namanye amakholwa na?

2. Buka enye yezinkulumo eziqinile zikaPetro mayelana nombuzo wokujeziswa kanye nokwahlulelwa: “bazifaka ekubhujisweni Okusheshayo” (2 Pet. 2:1); “bazakubhubha baphele enkohlakalweni yabo” (2 Pet. 2:12); “ukugcinela ababi usuku lokwahlulela ukuba bajeze” (2 Pet. 2:9); “futhi Ukubhubha kwabo akozeli” (2 Pet. 2:3, NKJV). Lezizindimana kumele zisitsheleni hhayi kuphela mayelana nokuqiniseka kokwahlulela kodwa nangendlela uNkulunkulu angabafuni ngayo labo abaholela abantu Bakhe ophathe na?

3. Ucabanga ukuthi kusho ukuthini lapho labo abakhuluma “ngenkululeko kuKristu” ngokuvamile bekwenza lokhu, hhayi Ngokwengqikithi yomthetho (nakuba abanye benzenjalo) kodwa Ngokwengqikithi yokugcina Umthetho wesine, weSabatha na? Lenkulumo mpikiswano isisiza kanjani ukuba sibone enye indlela yokuthi “inkululeko kuKristu” ingahlanekezelwa na?

Notes